Ulwazi Lwendabuko Amalungelo Okungokwengqondo, Nokuba Nelungelo Lokwenza Izidalwaezinye zibe ngezomuntu

ULWAZI LWENDABUKO

Ulwazi Lwendabuko (ngokwemvelo) luneqhaza elikhulu kwezomnotho, kwezomphakathi, kwezamasiko nasentuthukweni, hhayi kwezomphakathi wesimanje kuphela.

Esikhathini esizayo kusazoqhubeka kube njalo, ikakhulukazi uma sicabanga ngeqhaza elibanjwa yisayensi (ezocwaningo) ngokwemisebenzi, izindlela zemikhiqizo enomthelela ekudaleni isimo esibucayi semvelo namuhla.

Ulwazi Lwendabuko luvamise ukuba yimpahla yomphakathi, njengolwazi lwezitshalo ezisetshenziswa ekwelapheni.

AMALUNGELO NGOKUNGOKWOMQONDO (IPR)

Loku kuhlanganisa amalungelo okugodla ulwazi, amalungelo okusebenzisa okungumkhiqizo wenqondo yomunye umuntu, njengezincwadi, noma umshini wokwakha izitini. Kodwake, ososayensi (ongqondongqondo) abasebenza ngezempilo nabakhiqiza ngemvelo sebelisebenzisa kakhulu lelilungelo i-IPR , ukwenza izidalwa ezinempilo zibe yimpahla yabo, njengesitshalo esibizwa nge *Hoodia* esingesase-Mzansi Afrika, nazo izimbewu ezishintshwe izimpathafuzo.

Izimbewu ezishitshwe izimpathafuzo ziyimpahla yenkampani ezakhile, ngokomthetho wamalungelo okugodla ulwazi.Uma usebenzisa lezizimbewu, usayina isibophezelo nenkampani leyo ukuthi awuzukuzigcina izimbewu zesivuno sakho ukuze ubuye utshale ngokuzayo, noma uthekelise ngazo kwabanye abantu–udingeka futhi ukuthi minyaka yonke ukhokhele leyonkampani inani elithize ngokusebenzisa izimbewu eseziyimpahla yayo. U-Monsanto useke wamangalela abalimi eMelika naseCanada, izitshalo zabo ezonakaliswa yizimbewu ezishintshwe izimpathafuzo ezaziqathaka ezinqoleni ezidlulayo, ziwela emasimini abo; ngalokho babekwa icala lokwephula umthetho wamalungelo okugodla okungokwakho.

Ngokwesivumelwano SeNhlangano YoHwebo KaZwelonke (WTO – World Trade Organization), ikakhulu isivumelwano sokuhweba esithintene namalungelo okwezobuhlakani – phecelezi i-TRIPS, amalungelo okuphathelene nokomqondo avikelwe kanzima kakhulu. Abaningi abantu bacabanga ukuthi i-TRIPS iyashayisana nezinye izivumelwano zomhlaba wonke, kanye naleso esibhekelene neMvelo Enhlobonhlobo (CBD) eyona UMzansi Afrika ungomunye wamazwe asayina esivumelwaneni sokubhekela ukuphepha kwemvelo, futhi ebhekele nokuthi ufuzo ezidalweni nolwazi lwemvelo lunokunikezelwana (ukuthekelisana) lusetshenziswe.

Ukuphanga imvelo

Ukuqola noma ukuphanga imvelo kungukusebenzisela imvelo ngezihloso sokuhweba. Izinkampani zizinika amalungelo okugodla izitho ezithile ezitholakala esitshalweni, zisebenzise futhi ulwazi lwendabuko-lwemvelo ngaphandle kwemvume (PIC) futhi abantu abavamise ukuthekelisana ngalolululwazi bashiyeka ngaphandle emalungelweni okuhlomula, kugcina kungabacwaningi kuphela abathola inzuzo ngokudayisa, nemikhiqizo ngaleyo mphahla. Uma kwenzeka ngaleyondlela , kuthiwa ukuphanga nokuqola.

OKUMELE KWAZEKE NGEMIPHUMELA YE (IPR)

- Ukuphela kokwabelana nokuthekelisana ngokukhululeka ngolwazi nezinto emiphakathini.
- Ukugodlwa kolwazi lwemvelo.

IMIBUZO EQAVILE

Ukungagodlelani amalungelo empilo?

REFERENCES

A patented world? Privatisation of Life and Knowledge. Heinrich Boll Foundation 2006.
Biodiversity prospecting & access and benefit-sharing. An introductory primer. Sarah A. Laird & Rachel Wynberg. IUCN. 2003
Indigenous Peoples Rights Act (IPRA). The Phillipines. 1997.
Intellectual Property, Biodiversity and Sustainable Development: Resolving the difficult issues. Martin Khor. Zed Books and Third World Network. 2006
Why you should avoid genetically modified foods. Earthlife Africa eThekwini 2006.

Isithombe sika Zapiro sitshengisa UMlimi Oyingulube (Mail and Guardian, 19.02.04)

Zapiro's Cartoon translation: "Umlimi Ngulube"

1.1 Umlimi Ngulube watshala entsha imbewu ekuthiwa i – GM
1.2 Yakhula ngokushesha yaze yadlula konke okunye

2.1 "Nginganisiza", kusho Umlimi Ngulube, esho komakhelwane ebadayisela lembewu.
2.2 Ngokushesha ababange besakwazi ukutshala okunye.

3.1 Umlimi Ngulube wanotha, ngoba wayesenelungelo lokugodla imbewu.
3.2 Umlimi Ngulube wayewazi umqondo omuhle uma ewubona.

4.1 Umlimi Ngulube wayesehamba umhlaba wonke edayisa lembewu yakhe.
4.2 Kepha ngasizathu sithize akusiye wonke umuntu owayefuna lembewu yakhe.

Okusemabhodini aphakanyisiwe:
"Monsanto buyelakwelakini"
"GM ayiphephile"
"Vikela Imvelo enhlobonhlobo"

5.1 Wayeseyithola ke indawo eyayiyifuna lembewu yakhe.
5.2 Namukelekile Mzansi Afrika Iisango leAfrika.

6. Umlimi Ngulube wayelazi iqoqo leziwula uma elibona.